

HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA



IPHEPHA LESITHATHU (P3)

IBANGA LESI -12

MANDULO 2021

ISIKHATHI: Amahora ama-2

AMAMAKI: 100

Leli phepha linamakhasi ayi- 6

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU.
ISIQEPHU A: Indaba.
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo.
ISIQEPHU C: imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo.
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyafundisisa. Uhlelo/ Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi UHLELO/UHLAKA bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-50
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo ngendlela ezihlelwe ngazo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo ngaYINYE isihloko esifanele.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala khona inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1. Ukukhuluma izindaba zabantu kwangifaka enkingeni. (50)
- 1.2. Intsha yanamuhla. (50)
- 1.3. Isinqumo esibalulekile engake ngasithatha ngempilo yami. (50)
- 1.4. Ubuhle nobubi obulethwa ukuthemba umngani. (50)
- 1.5. Ukuhlukunyezwa kwabantu besifazane kungaphela uma... (50)

Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6



(sicasunwe ku- googlepics.com)

(50)

1.7



(sicashunwe ku- googlepics.com)
(50)

1.8



(sicashunwe ku- googlepics.com)
(50)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1. INCWADI ESEMTHETHWENI

Uso mabhizinisi wangakini unikele ngemifundaze edlule ekhulwini, nawe waba ingxenye yabahlomulayo kule mifundaze.

Mbhalele incwadi umbonge uchaze nokuthi Isenzo sakhe sizoyishintsha kanjani impilo yasekhaya. (30)

2.2. UMLANDO NGOMUFI

Umzala wakho obesebenza eKapa njedokotela uhlaselwe ukhuvethe(*covid-19*) wadlula emhlabeni.

Bhala umlando ngomufi njengoba ucelwe umndeni ukuba uwubhale. (30)

2.3. INCWADI YOKUZICHAZA KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

UNonjabulo Gladys Gwamanda ungowesifazane oneminyaka eyi-19, uhlala ku 47 Yengwa drive eMadwaleni, 3700. Uphase ibanga le-12 eRoseland High School ngonyaka wezi-2019. Uyisakhamuzi saseNingizimu Afrika esinomazisi osemthethweni. Izilimi azikhulumayo isiZulu nesiNgisi kuphela. Ubone ephephandabeni *i-PhaphamaMzansi* isikhangisi somsebenzi lapho kufuneka khona abantu abasebasha abazosebenza ngamaholidi esitolo i-Phumuphethe Supermarket (Ikheli: 21 Nxamalala Road, Hlathi, 3670).

Faka isicelo sakho somsebenzi ngokubhala ikharikhulamu vithaye ehambisana nencwadi eyisiphelekezele, ubhalele uMphathi. (30)

2.4. INHLOLOKHONO (INTHAVIYU)

Uthole ithuba lokukhuluma neqhawe noma iqhawekazi lakho okade wawufuna ukuhlangana nalo.

Unemibuzo eminingi okade wawufuna ukuyibuza. Bhala ingxoxo phakathi kwakho neqhawe/kazi lakho. (30)

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMFISHANE EDLULISA UMLAYEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1. ISIKHANGISO

Umkhulu wakho njengoba esethathe umhlalaphansi unqume ukuba avule ibhizinisi lokudayisa izinkomo, izimbuzi kanye nezimvu.

Bhala isikhangiso. (20)

3.2. I-IMEYILI

Ungumqeqeshi webhola lombhoxo endaweni yangakini. Kunenkampani efisa ukunixhasa ngezimali.

Bhalela umngani wakho i-imeyili umxoxele ngalokhu. (20)

3.3. IMIYALELO

Ubabekazi wakho wakujabulela ukudla owamphekela kona evakashile ngamaholide. Ukucele ukuba umbhalele indlela yokwenza isishebo sakho.

Bhala iresiphi yokupheka lesi sishebo. (20)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 100